

iThuba-Nhlanhla eMzansi-Afrika
(Kairos Southern Africa)

**IZILOKOTHO NEMIBONO
NGOKWENGQONDO YEZENKOLO NANGOKWENQUBO NGOKUNOBUNTU
EMKHOSINI WONYAKA WEKHULU KAKHONGOLOSE (ANC)
NGOWE-2012**

(Theological and Ethical Reflections
on the 2012 Centenary Celebrations of the African National Congress [ANC])

iSethulo:

Sethemba ukuthi kuzoqhubeka ngconywa-ke manje ukuzifundela sizihlaziyele ngokwethu lezi zilokotho ezisematheni kwelakithi nonyaka ezaziwa ngokuthi “yiThuba-Nhlahla¹ eMzansi-Afrika“ ezihambisana nemibono ngokwengqondo yezenkolo (*theology*) nangokwenqubo ngokunobuntu (*ethics*) emkhosini wonyaka wekhulu kaKhongolose (ANC), ezingama-“*Theological and Ethical Reflections on the 2012 Centenary Celebrations of the African National Congress (Kairos Southern Africa)*”.

¹ Kukhulunywa ngethuba-nhlahla uma kuxoxwa ngomzuzu ozuma njengonyazi, okuthi ngaleso sikhashana-nje ushaya, kuvele amathuba ezinhlahla nenala nokwazisana nokubhekelelana nempumelelo ngokumangalisayo. Liphunyuka kubhekiwe, liphunyuke unomphelo kolidembeselayo.

Ithuba-nhlahla lithathelwa encwadini kaLukha lapho kuthiwa khona uJesu waseNazaletsa wayedikibele ngokudunyazwa umuzi waseJelusalem, wafikelwa yizinyembezi ebasola ngokuthi abalisukelanga phezulu, selibavelele lelo thuba elizumayo, ngesiGriki abalibiza ngokuthi yi*Kairós*; yingakho nje-ke bezogcina behlaselwe, babhujiswa, kuvalwe ngehlaha. (Joh 19:41-44)

Emzabalazweni kumelwene nombuso wobandlululo nengcindezelo we*apartheid* balimisa ngesihloko abathile ngowe-1985 bekhononda, bekhuzwa umhlolo, besola, begqugquzelela ukulwela inkululeko; bathathela emazwini oMbhalo ngethuba-nhlahla (*kairós*) benxusa umphakathi emakhaya nasemabandleni ukuthi ubhunkule kabusha, ukhuthalele umzabalazo. Laziswa umhlaba wonke namuhla lelo zwi i*Kairos-Document* eseyahunyushelwa ezilwimini eziningi eYurophu, eMelika nakwawaseMpumalanga, yakhuthuza nabanye ukuthi bavuselelane ngokunjalo - njengabe*Kairos-Palestina*-nje.

Ekuhlanganiseni kukaKhongolose (ANC) unyaka wekhulu ngowe-2012, lezi zilokotho nemibono uKhongolose ayinikwé ngabathile kwabakhuthalele ingqondo ngezenkolo (*theology*) nenqubo ngokokobuntu (*ethics*) emphakathini isekelwe uMbhalo njengokwamazwi kaJesu akhuthuzelela ukuthi libunjwe liseva - lisetshenziswe ngenkuthalo nangokwazisana nangobanjiswano ithuba-nhlahla (*kairós*) elivele ngokukhululwa kwezwe.

<http://www.benkhumalo-seegelken.de/suedafrika.html>

01.05.2012

Ekuwuhumusheleni esiZulwini lo 'masifundisane', sibambeletisise impela endleleni obekwe ngayo ngesiNgisi, sakhululeka-ke nokho emzamweni wokuzibekela ngesiZulu esifundeke siqondeke kahle.

Emakhaya, nasemihlanganweni kanye nasezifundweni kulo lonke elakithi nasemaphandleni zizoqhubeka zifundwa lezi zilokotho nale mibono, kuchazelwana, kuqwayayiswana ngawo, okuyinhloso yabalobi nabesekeli bawo. Sifisa kuqhutshekwe kanjalo, sivusane, sivuselelane, sikhathalelane, sibuyisanane, sakhane noKhongolose nabo bonke abanye nangomuso.

Makube njalo!

NguDkt uBen Khumalo-Seegelken
info@benkhumalo-seegelken.de

eThekwini, zimbili kuMeyi kowe-2012

IZWI ESILIQONDISE KUKHONGOLOSE NAMUHLA

Ekuqhubekeni kwethu sidumisa ukufika kweZwi emhlabeni (njengokusho kwencwadi kaJohani evesini lokuqala esahlukweni sokuqala, Joh 1:1), sidumisa nokuphenduka koPhezukonke, wathatha isimo sobuntu, thina baseNingizimu-Afrika esiyizikhuthali kwezoLwazi ngezeNkolo yobuKhristu (*Christian theologians*) sifisa ukwedlulisela la mazwi kuKhongolose njengoba ezilungiselela ukuhlaba umkhosi wokuhlanganisa unyaka wekhulu kowe-2012 ...

Lokho sikwenza ngomoya wokunincoma nokunibonga nangomoya wobuhlobo bempela, okuthi sithi sinihalalisela, sibe sibeka nemibono njengabomndeni, sikhulekela ukuthi le micimbi yalo mkhosi ihambe ngemfanelo, ngaphandle kokusaphaza ngehaba, ikakhulukazi kulesi simo esikuso sobuphofu nokweswela amathuba alinganayo kwelakithi.

Senza njalo sazi ukuthi abaningi kuKhongolose nabo bayingxenye yebandla lamaKhristu emphakathini; lo 'masifundisane' ubhalelwe ukufundwa uhlolwe yithi sonke.

Sithi senze njalo sibe sazi ukuthi abaningi abaholi kwezenkolo yobuKhristu babengabanye bezikhuthali ekuphambeni nasekwakheni uKhongolose iminyaka ngeminyaka; kungakho siqhubeka ukuzizwa sibhekeke ukuthi sikukhathalele ukuba khona kwakhe, sikushisekele ukusebenza kwakhe, uKhongolose. Onyakeni we-1912 abasunguli bakaKhongolose babelangazelela, befisela abaseNingizimu-Afrika ngothi lwabo ikusasa elisha, okuyobe kungasekho ocindezelayo, kungasekho ocindezelwayo, lapho sesiyobe sibumbene: Siluntu lunye, sisizwe sinye, silizwe linye!

Babelangazelela ukuthi ubudlova abacindezeli ababegciwaza ngabo abomdabo kwelaseNingizimu-Afrika bugcine buphelile. Sibonga uSmakade ukuthi ubuqhwa bobugovu (*colonialism*) nengcinezelo yobandlululo (*apartheid*) sekugcine kushabalele; senkuzanywe kakhulu ukuthuthukisa impilo yethu sonke eNingizimu-Afrika, ikakhulukazi eyabampofu.

Nòma sekubé nenqubekelaphambili ngokubonakalayo kulokho, kunezingqinamba nezidididi ezilokhu ziqwagayisana nemizamo yokuzifeza lezo zifiso. Izingxaki ezadalwa uMthetho ngeZwe (Land Act) wangonyaka we-1913 zisasishikashika nanamuhla lokhu; izimo namalungelo angalingani kwezomhwebo kusasizabalazisa nanamuhla lokhu; ubuphofu nendlala ngokusanganisanayo kusasigqolozele nanamuhla lokhu.

Nonyaka sisaphinda, silangazelela ikusasa lapho siyobe sesibumbene, simunye ngokwehluka nokwehluka kwethu. Lobo bunye budinga ukutshalwa bugxile ekuphathaneni ngokwazisana nangokubonelelelana, ekubuyisaneni nasekuhlalisaneni ngozwano kanye nasekubuseni ngokulunga. Asiwusebenzise lo nyaka ngokuthi siphinde siliphuphe lelo phupho ...

Siyahalalisa

Kungakho-ke simhalalisela uKhongolose - inhlango eyelanywa yizo zonke ezinye ezilwela inkululeko eAfrika, siyethulela izilokotho ezinhle emkhosini wayo wokuthakasela leli banga empilweni yayo. Kulezo zinselelo nezingqinamba eminyakeni edlule kwakungenzeka ukuthi ikhathale, iphangalale; yazabalaza, yachusha, yagcina imphumelele - ikakhulukazi ngalokho siyanihalalisela. Ukukhuthala nokuzimisela kwenu nihamba phambili emkhankasweni wokukhulula izwe lakithi kanye nezinye izinhlangano zenkululeko sikutusa ngokubonga.

Sithakasela sincoma ukukhalipha kwengqondo nobukhali beso lenu ekuthatheni kwenu unyawo olusha ngokungaphazami ngenkathi isimo senguqoko sesigciné sasondela; sethemba ukuthi anisobe nisalidedela lelo phupho elaphushwa kanye naleyo ntshisekelo ngeNingizimu-Afrika engenalubandlululo ngokwebala nangokobulili, izwe lokwazisana nokubonelelelana kubuswa ngentando yeningi.

Siyanincoma

Asikhohliwe ukuthi uKhongolose wayengasungulelwanga ukuyophikisana nombuso wobandlululo nengcinezelo we*apartheid*, wayephenjelwe ukumelana nokucindezelwa nokucuthwa kwabomdabo, ingxanye enkulukazi yomphakathi, ngezikhathi zokuhlwithwa kwezwe (*colonialism*) ezikhathini eziphambili (19th century) kuleli lakithi eNingizimu-Afrika.

Asilibele ukuthi eminyakeni engamashumi ayisishiyagalombili (80) yokuqala emlandweni kaKhongolose, ubengesilo iqembu elibusayo kuleli; uKhongolose ungelokuqala ngqa iqembu elibusayo elizikhathaza ngesimo nangezidingo

zengxenyane enkulukazi yomphakathi welaseNingizimu-Afrika, ekhuthalele ukwakhiwa kwezindlu nokuphenywa kwamakhaya, ukudala uhlelo lwezempilo lukawonke-wonke, nokuningi. Uma isimo nezidingo zengxenyane enkulukazi yomphakathi ziyiyona nkozi eyedlula zonke ekusebenzeni kukaKhongolose, siyoqhubeka ukunitusa, sinincoma kanje; siyonisola, sikhononde uma sekuba-nje yisimo nezidingo zabayingcosana esenzibeka phambili.

Siyazi ukuthi ishumi nesikhombisa (17) leminyaka ngeke lenele ukuthukulula nokupheza izingxaki nobudlova kweminyaka elingana namakhulu amathathu namashumi amahlanu (350) yobuqhanga nobuqili (*imperialism*) nobudlova bokuhlwithwa kwezwe (*colonialism*) nolaka lobandlululo nengcindezelo (*apartheid*). Siqinisekile ukuthi kuningi engabe sekwenziwe, kodwa siyakuthakazela ukuthi kuningi osekwenziwe ukuthukulula nokupheza ubunzima ebelokhu libuthwele leli lakithi.

Asikhohliwe ukuthi iANC yilona lodwa iqembu engxenyane enkulu yomlando walo elokhu lazimisela ukukhuthalela ukuqedwa kobandlululo noku chumisa ubumbano eNingizimu-Afrika. Lokho kokubili - ukumelana nobandlululo nokushisekela ubumbano - kusesimweni esibucayi, kuxozonyiswa ngaphakathi nangaphandle kweANC; siyaninxusa ukuthi niwaqakamelele la maphuzu obuntu, kungabi ukushonje, kodwa ngokubonakalayo, ukuze nabantwanakanye nabantwana babantwana bethu beyobona, basilandele lesi sibonelo.

Siyabonga

Ngakho-ke siyabonga uSmakade ngoKhongolose nomlando wakhe omude wokumelana nobudlova bokuhlwithwa kwezwe (*colonialism*) nolaka lobandlululo nengcindezelo (*apartheid*) nangeminyaka elishumi nesikhombisa (17) eyiqembu elibusayo, elineso elibanzi engxenyane enkulukazi yomphakathi eswele eNingizimu-Afrika.

Sibonga uSmakade ngenkululeko abagcina bezitholele yona abaseNingizimu-Afrika; siyethembisa ukuthi siyokwenza okusemandleni ethu ukuyigcina nokuyazisa le nkululeko.

Sibonga uSmakade ngokuthi izigidi kwabaseNingizimu-Afrika namuhla sezinamakhaya azo nangokuthi abampofu nabasebucayini sebethola nokuyimadlana okuncane nyanga-zonke.

Sibonga uSmakade nezaba ezisaqhubekayo zokwandisa nokuthuthukisa imizamo yokunakekela impilo yabo bonke abaseNingizimu-Afrika.

Sibona uSmakade ngokuthi nobani nobani eNingizimu-Afrika ukhululekile ukuphefumula akhononde noma akuthathele izinyathelo noma yini akubona kungahambisani nomoya wombuso weningi.

Siyazisola

Sifisa ukuvuma kucake-nje ukuthi kule minyaka eyikhulu [ekhunjulwayo], iBandla lobuKhristu [iSonto] beliqhekeke phakathi odabeni nobudlova bokuhlwithwa kwezwe (*colonialism*) nolaka lobandlululo nengcindezelo (*apartheid*). Kungeze kwaba liqiniso lelo, uma sesingathi iSonto lalingahambisani nobudlova bokuhlwithwa kwezwe (*colonialism*) nobolaka lobandlululo nengcindezelo (*apartheid*); bekuyingxenyana-nje encane yalo ebiphikisana nengcindezelo. Enkulukazi ingxenye yeBandla lobuKhristu eNingizimu-Afrika ibingahoshelani nani nanezinye izinhlangano emzabalazweni. Nokho, abanye bethu bebeyingxenyane yomzabalazo; uMhalo ngeThuba-Nhlaha (*Kairos-Document [1985]*) neZwi leNhlangotho yamaBandla eNkolo oMhlaba iseLusaka ngowe-1987 (*World Council of Churches Lusaka Statement of 1987*) ngamathuba esacacisisa kuwo ngobunyama-nye nokuba mdibi-munye kwethu nabacindezelwe eNingizimu-Afrika.

Sifisa ukuvuma kucace-nje ukuthi iSonto lavama ukuholekela emuva libe yisibukeli-nje kuphuthunywa kuboniswa ngekusasa lezwe ngowe-1994. Amaningi amaSonto akakenzi lutho nanamuhla ukupheza ubandlulo ngokwebala nangokobulili kanye nokuphathwa ngokungalingani kwabomdabu nabamhlophe emabandleni awo.

Sifisa ukuvuma kucace-nje ukuthi amaningi amakholwa namaSonto awakayemukeli le nhlaliswano entsha ngokombuso wentando yeningi nezisekelo zawo. Kwabaningi babo inkolo yobuKhristu isiphenduké yaba yindlela yokuzibopha ulimi, bangaveli ngazwi-nje sampela, noma-ke bayisebenzisele ukuzama ukuvikele izingqinamba ezingenakuvikeleka emlandweni welakithi, beziqhishela amathutshana kwezepolitiki namuhla.

AmaSonto ngaphambi kowe-1912

Abenkolo yobuKhristu emphakathini balibambile nabo iqhaza ekukhululweni kwelakithi nakuKhongolose. Kufanelekile ukuthi sihlale sizikhumbuza ngesandla abasifakayo emzabalazweni. Khungakho-ke sifisa ukuyinambithisisa leyo, sibheké emuva, nanamuhla, naphambili.

Zigqamé ikakhulukazi ngandlela-imbili izaba zeBandla lobuKhristu ekucenteleleni nasekuhlakuleleni ukucela kukaKhongolose ngowe-1912: yimfundo nokuchuma kwenkonondo ngokuhlanekezelwa kwentshumayelo yobuKhristu ukuze ishoshozele, ivune, ivumelane nokugciwazwa kwabomdabu.

Ikakhulukazi ngemfundo ezikolweni zezimishini (*mission-school education*) zabanakala izaba zabamaSonto zokuveza amathuba okuvivinya amakhono nokuqeqetha ubuhlakani kwabomdabu okwachuma, kwaveza abanjengoJohn Tengo Jabavu, oJohn Langalibalele Dube nowamelama ekubeni ngumongameli kaKhongolose, uSefako Makgatho nabaningi abanye. Izikole ezaziwayo njengesaseLovedale (1841), nesaseHealdtown (1845) eMpumalanga-Koloni, esaseAdams Mission (1847), eNanda (1869) eSt Francis (1883) KwaZulu-Natali, esaseZonnebloem (1858) eNtshonalanga-Koloni, iTiger Kloof eNyakatho-Koloni, iLemana (1875) eLimpopo kanye nazo zonke ezinye; iningi kubaholi bethu lacandulwa lakhiwa kuzo.

Lezi zikole zaveza imfundiso eyagcina ibaluleké kakhulu emzabalazweni ngokwenhlakanipho ezikhathini ezalandela lapho (20th century).

Okwaba semqoka futhi kulelo banga lezivivinyo kulungiselelwa umzabalazo yintshumayela yenkolo yobuKhristu ethi yilowo nalowo wadalwa wafuza uMdali kanye neyothando olungabandlululi emphakathini owazisanayo ontwini-jikelele. Lafaka isandla ngokubonakalayo lapho-ke iSonto ekutheni abenkolo yobuKhristu bomdabu baqala kuyo leyo minyaka yaphambili (19th century) ukukusola nokukugxeka ukuphikisana ababuthola phakathi kweZwi elishunyayelwayo nenqubo emakhaya nasemabandleni eSonto lobuKhristu, okuyisinyathelo esibalulekile esizokwenaba kuso ekuqhubekeni kwalo mkhonzo.

Sizikhumbuza ngalaba ofakazi benkolo yobuKhristu emzabalazweni wamalungelo alinganayo nombuso wentando yeningi, sizama ukukhombisa ukuyenanela imizamo namasu athile abeSonto eyendlalele yesekela ukuphenjwa kukaKhongolose ngowe-1912. Emva kokuba abobuqhwaya bokuhlwithwa kwezwe (*colonial powers*) sebeliphundle bazidelisa elaseNingizimu-Afrika ngezikhali, nangokuphanga umnotho, nokuyenga ngokwezenkolo nangokwezombusazwe, umzabalazo wazithela ezandleni zezifundiswa nezingqapheli ezazingamakholwa. Umfundisi uTiyo Soga, owayengowokuqala owomdabu ukugcotshelwa inkonzo yobufundisi, wabhala ngowe-1861, wathi:

“Amakhafula awanamatayitela, awanamvume yobunini, kula malokishi ahlaliswé kuwo ... Kuyangicacela-nje ukuthi, ngaphandle kokuthi isizukulwane esisakhulayo siqeqeshelwe amathuba amakhono athile, akukho okungafukula abantu bakithi, bazoba ngabelusi, nabashayeli bezinqola, nabathezi bezinkuni, noma yizigijimi nezinceku zafuthi. Aké kudedelwe intsha yakithi ifundiswe imisebenzi yokuziqhwishela, izizuzele imali, izoyizalisa [leyo mali], ithenge umhlaba. Umphakathi ongengagunya lobunini bezwe, awunathuba sanhlobo kuleli ... abafana bethu abafundiswe imisebenzi yokuziqhwardela ukuze sihlume njengomphakathi”.

Lokhu wakusho eminyakeni engamashumi amane (40) ngaphambi kokukhishwa kwemithetho emisha kaHertzog (*Hertzog Bills*) ngowe-1911 eyagcina isiwumthetho ngokwezomhlaba (*Land Act*) ngonyaka we-1913, lowo mthetho owanquma ukubashiyela-nje ingxenye yesikhombisa kokwekhulu (7%) yomhlaba weNingizimu-Afrika abomdabu. Akumangalisi, njengokusho kukaDokotela uMathole Motshekga, ukuthi “Sathi singathathwa-nje isinqumo sokuzakhela iSANNAC [*South African Natives' National Congress*], ukhongolose waqubuka ngengoma kaTiyo Soga, ethi “Lizalis’idinga Lakho”. Ngokunjalo yaqhubeka le ngoba yaze yayovuselela amathemba enhliziyweni kaOliver Tambo kulilwa ngokubulawa kwabantwana emigwaqweni yaseSoweto ngowe-1976, lapho ahlaba khona leli vesi leculo elikhuleka lithi “Bona izwe lakowethu!”.

Ugqozi olwavezwa nguSoga lwa holela ekuphembekeni komshungu wobukholwa ngobuTopiya owawuphakamisa ukukwazisa ukuba ngumAfrika, uthathela encwadini yamaHubo [amaHubo 68:32]lapho kuthiwa khona abuTopiya basendleleni ngenhloko ukuyodumisa oPhezukonke bamkhunge nangezipho, ugququzela

ukuthi ziyekwe izinzondo nezinxushunxushu ngokobuzwe ezazikade zikhona (*ethnically based struggles of the past*), kuqhutshekelwe ohlelweni lokushisekela inkululeko yeAfrika kubanjiswene ngokungenalubandlululo (*a non-ethnic African agenda for emancipation*) - lapho kwavela khona nezaba ezazizanywa ngabeFundisi oNehemiah Tile, oMangena Mokone, oJames Dwane, oJeremiah Mzimba, oHenry Ngcayiya (owaze wabasebenzela uKhongolose ngokushumayela [ANC Chaplain]) kanye nongasoze alibaleke uCharlotte Makgomo Manya (Maxeke). Umshungu wenkolo ngobuTopiya (*The Ethiopian Movement*) wawubalulekile empilweni kaDokotela uDube, owaba ngumongameli kaKhongolose ngowe-1912, wakhuthalela ukufaka ingoma uNkosi Sikelel' iAfrika emihlanganweni nasemikhulekweni kwaKhongolose, okwakuyingoma eyayikade ilotshwé nguEnoch Sontonga, owayeganwé yindodakazi kaAbraham Mngqibisa, owayengomunye wabaphembi beBandla labaseTopia (*Ethiopian Church*).

Okuyisandla esibonakalayo emzabalazweni esafakwa yizikhuthali ezazivela emabandleni eSonto, ikakhulukazi ngokwenqubo ebambelele emibhalweni yokholo [ebhaybhelini] ngobukholwa nentshisekelo yobuTopiya, ukukwazi, eminyakeni ecishe ibe ngamashumi amabili [20] elandela lapho, ukuxhumanisa imizabalazo yobuzwana ngobuzwana kumelwene nobudlova bokuphangwa kwezwe (*tribal anti-colonial struggles*), kuxhunyaniswe noKhongolose yena owayevele engabandlululi (*non-ethnic ANC*) kuze kufike-ke obanjiswaneni lukawonkewonke emzabalazweni (*non-racial pursuit*) esiqoshwé eMibhalweni weNkululeko (*Freedom Charter*) wowe-1955. Ukuba azizanywanga lezi zaba, ngabe umlando welakithi wagcina ubhajwé ezinxushunxushwini zobuzwana obubandlululanayo (*ethnic constructs*) eziyingxaki kwezombusazwe kwamaningi amazwe kwelaseAfrika namuhla.

Kanye nalezi zibonelo zobukholwa nokuphokophela umgomo ososhiwe, kusukela ezikhathini zoTiyo Soga, sihlokomela ngokweqiniso lolu “mbimbi lwamaKhristu” emzabalazweni.

Labo-ke ngabafana noEnoch Mgijimi, kwedlulwe kuyiwe laphaya eSophiatown kuTrevor Huddleston nayethintene naye owayenguMbhishobhi weGoli (*Bishop of Johannesburg*) uAmbrose Reeves, owaxoshwa waphindiselwa kwelakubo ngowe-1960 ngokumelana ngokungaphazami nobandlululo nengcindezelo (*apartheid*).

Ukucathulisana kwethu kusukela kowe-1912

Amazwi okuqala ngqa emhlanganweni wokuphamba uKhongolose eBloemfontein ziyisishiyagalombili kuJanwari kowe-1912 [08.01.1912] kwakungamazwi omkhuleko elandelwa ukuhlatshelelwa kwengoma u-“Nkosi Sikelel' iAfrika!”. Imigomo yokuqala yehlangano yayigxilé ekuhambisaneni nalokhu abeSonto abakubiza ngokuthi ‘yindlela-mpilo ngokokwevangeli’ (*‘gospel values’*) kwezamalungelo alinganayo nakwezempatho ngokulinganayo nokuhlonipheka (*justice, equality and ... dignity*), konke lokhu okungokwawo wonke umuntu [ngokungabandlululi] ngaphansi koPhezukonke okukholelwa kuye.

Indlela abeSonto abangena ngayo kusacandulwa kwakhiwa, ibonakala ngalaba abamema, bahola lo mhlango [wokuphenywa kukaKhongolose] nakulaba abakhethwa ukuyihola le nhlangano, izikolwe zasezimishini (*mission schools*)

ababefundé kuzo kanye namathuba nokuningi okwanikelwa ukuze inhlango izakhe izithuthukise.

Umongameli wokuqala kaKhongolose, uJohn Langalibalele Dube, wayengumfundisi. Abaningi kwabamlandela, nabo babenokuxhumana okuthile neSonto: Sikhumbula insakansaka yensizwa, uMfundisi uZaccheus Mahabane, owaba ngumongameli kaKhongolose kabili (1924 - 27; 1937 - 40), kanye nenono, uMfundisi uMhlonishwa uJames Calata (*Rev Canon James Calata*) owayenguSosiba kaKhongolose (*ANC Secretary General: 1936 - 1949*). Kwakusukela lapho-ke futhi uChief Albert Luthuli, owayengumongameli kaKhongolose phakathi kowe-1952 nowe-1967, wayegcizelela ephindelela ukuxhumana kobukholwa bakhe nokukhuthalela kwakhe umzabalazo ekuKhongolose.

“NgikuKhongolose nje-ke ngoba ngingumKhristu. Inkolo yami yobuKhristu mayelana nomphakathi kufanele ibonakale lapha namanje; uKhongolose yingqalabutho yomzabalazo wempela ... Intshisekelo yami, njengoba ngiyikholwa-nje, yikuthi ngingene ngingenisise emzabalazweni kanye namanye amakholwa, ngingabushiyi emuva ubuKhristu bami, ngikhulekele ukuthi busetshenziselwe ekuthuthukiseni ubuhle emzabalazweni.”

Amazwi [kaHlaban' engalwi], amazwi kakhokho kaKhongolose abeka ngokwedlulele noma yiluphi ucwaningo lwanamuhla ngokomlando ukuxhumana komphakathi wabekolo yobuKhristu nenkolo yabo emizabalazweni yesizwe sakithi kanye nomlando kaKhongolose.



Isithombe esibizwa ngokuthi “*the black Christ*” esadwetshwa nguRonald Harrison esikhombisa uChief Luthuli ebethwelwe esiphambanweni noB.J. Vorster njengomunye wamasotsha.

[siyaqhubeka nokuhumusha ...]

Ukuhambisana kwethu kusukela kowe-1955

Ukuba bebesaphila nanamuhla oSoBaba uTrevor Huddleston noma oMhlonishwa uCalata [*Archbishop Trevor Huddleston or Canon Calata*] bebengasixoxela konke ngesandla abasifakayo kanye neqhaza elalibanjwé ngabaningi ababengamakholwa

ekuhlelweni koMbhala weNkululeko [*Freedom Charter*] eKliptwon ngowe-1955. Bebenegasixoxela basibikela nangezigameko zaseSharpeville nezedlula lezo. Bebenegasixoxela ngokuchithwa nokuxoshwa ngendluzulo kwabaseSophiatown ziyisishiyagalolunye kuFebhwari kowe-1955 [09.02.1955] nangokuthi [kusukela lapho] umbuso wobandlululo ngengcindezelo (*apartheid*) waliguqula kanjani ngochuku nokweyisa igama laleso sifunda, walibiza ngokuthi kuse*Triomf* [kwaMaNqoba]. Kungenzeka [ukuba basaphila nanamuhla-nje] ukuthi bebenegagcizelela impela ekutheni kufanele icace futhi isheshe imizamo yethu yokuqeda uqhekeko olwalethwa yimithetho yobandlululo, ikakhulukazi loya okwakuthiwa yi*Group Areas Act* [1952]. Bebenegasikhumbuza ukuthi izaba zokuphamba inhlalakahle nokwazisana emphakathini nemizamo yokupheza iminqamulo yobandlululo ngokwebala nangokohlanga (*racial and ethnic silos*) [lezo zaba naleyo mizamo] isalokhu ihlala ithikaziswa ubandlululo okusaqhutshwa ngalo emaSontweni nasemphakathini.

Ukuba uDkt uBeyers Naudé ubesaphila nanamuhla, ubeyoyixoxa eyezindlela eziningi abenkolo yobuKhristu abasukuma bamelana ngazo nombuso wobandlululo nengcindezelo (*apartheid*), okwababiza intshisekelo nezikhwepha ezehlula amandla ekuzimameni njengabaphrofethi bemelene nombuso wobandlululo ngengcindezelo (*apartheid*). Kungenzeka asibuze ukuthi selashonaphi leliya phimbo elalinentshisekelo nesibindi sobuphrofethi. Engasibuza nanokuthi lo mbuso weANC namuhla kanye nabenkolo yobuKhristu emphakathini, njengoba bewazi-nje umlando welakithi, kwenziwa yini sengathi abakwazi ukwehlukana phakathi kwephimbo lobuphrofethi lamabandla abakholwayo elinezinsolo nemibono eyakhayo [phakathi kwalo] nobuphixiphixi bobuncelebane [obuzama ukulilingisa].

UMkhulu uNaudé (“*Oom Bey*”) ubengasikhumbuza ukuthi abakholwayo emphakathini wakithi ngothi lwabo babezazi bebambene bebambisene nalabo abagcina belahlekelwe yizimpilo zabo emzabalazweni, nanalabo abagcina beshiyé amakubo nabakwabo beyovivela umzabalazo wamalungelo alinganayo nenhlalakahle kanye nalabo abagcina sebeyidwala owasimama wazakha ngabo umphakathi wakubo. Kunjalo: ulwazi ngezenkolo ngokokwenkululeko (*liberation theology*) lukhumbuzana ngexhala nangenkuthalo yethu sibambisene emzabalazweni. Esinye sezifundo esizemukela kuOom Bey ngesivamé ukuthi kufanele uthathe isinqumo esinzima nesinyathelo esikwehlukana nabakwenu, ufulathele nobekungamagugu nezinjwayelo obuzithanda nobe ukhulé nazo, uzazisa.

Ubengasitshela nokuthi namuhla, njengoba imigomo emikhulukazi esasiyishisekela ngezikhathi zomzabalazo, isivamé njalo-nje ukuminza incishwa umoya ngabalibele ukuphandela kwesabo, benqwabelela ingcebo nezikhundla kwezombusazwe, [ubengasikhumbuza ukuthi] kufanele kesizikhumbuze ukuthi sa sikade sihlosé njengomphakathi ukukhululeka sibe njani. Kulezi zikhathi lapho izethenjwa zemshungu wenkululeko sezivamé ukuziphatha njengalabaya esasimelene nabo emzabalazweni, kufanele siyivuselele intshisekelelo yomzabalazo. Kulezi zinsuku, lapho umphakathi ulangazelela ubuholi kuqondwé emalungelweni alinganayo esimweni soxolo (*leadership towards social justice and peace*), kusafanele kesibhobokelane, sibonisane - nòma kungabuhlungu kangakanani lokho - ukuthi sehluleké phi selokhu wafika umbuso wentando yeningi.

UAlbertina Sisulu, ikholwa eliyisikhuthali emphakathini, osanda kusishiya-nje emhlabeni, ubengasiqhathanisela igxathu nezaba zabetesifazane emzabalazweni kumelwene nombuso wobandlululo nengcindezelo (*apartheid*) [eziqhathanisa] nezanamuhla. Ubengasikhumbuza ngokusebenza kwakhe ngentshisekelo enhlanganweni iFedSAW (*iFederation of South African Women*) nangophikelela kwabo noHelen Joseph kanye namanye amakhosikazi beyokhononda kwabombuso ePitoli [kuma*Union Buildings*], belwela amalungelo alinganayo, okwakungesikho-nje ukuba ngonontanda-kubukwa. Ubengagqugquzela uKhongolose nabeSonto ukuthi kebazihlale, bazibonele ngawabo ukuthi ubuqhawaga nokuzikhukhumeza kwabesilisa (*partriarchy*) kusabhokile kokuningi okuzanywayo nokwenziwayo. Ubeyosithuma sonke ukuthi kukho konke esikwenzayo, siqakamelele ukuphathwa ngokulinganayo ngokungabandlululi ngobulili (*a more gender-inclusive approach*), esikhundleni sokulindela ukuthi eziphathelene nabesifazane ziyekelelwe ezandleni zezinhlango-nje ezithile emasontweni noma enhlanganweni yabesifanzane kwaKhongolose (*ANC women's league*) nasezandleni zomnyango kahulumeni obhekene nabakhubazekileyo, osekungathi abesifazane bebeyiqenjana-nje eliyingcosana esizweni sakithi.

Ukuhambisana kwethu kusukela kowe-1976

Ngowe-1975 abeSonto, bekhulunyelwa ngowayenguMongameli weBandla laseSheshi eSt Mary's eGoli (*Johannesburg Anglican Cathedral of St Mary's*), uMfundisi uDesmond Tutu, bakhuya umhlolo, babadonsa ngendlebe abombuso kaVorster ezincwadini ezazisematheni, bebaxwayisa ngolaka kwabasakhulayo, olwagcina luqubuké lwathululekeka emshikashikeni owasuka ngoJuni kowe-1976. Ngalezo zikhathi inkuthazo nesandla esibanzi eselekelelayo savela eNhlanganweni yamaSonto aseNingizimu-Afrika (*South African Council of Churches [SACC]*) eNgqungutheleni yabaBishobhi bamaKatholika eMzansi-Afrika (*Southern African Catholic Bishops Conference [SACBC]*) kanye neNhlango yamaSonto aboMdabu aziMele (*African Independent Churches Association [AICA]*).

Iningi lethu likhulé ngezikhathi zo-1976, sikhulé sicathulisana nentsha emzabalazweni simelene nobandlululo nengcindezelo (*apartheid*) sibhekene ngqo nezikhali zombuso wobandlululo nengcindezelo (*apartheid-regime*). Abanye balabo esasikhula nabo bawukhuthalela baze bagcina bewukhokele ngempilo yabo umzabalazo; abanye babo namuhla sebephakathi kwababusayo kuleli. Intanga yabasakhulayo elandela leyo kodwa-ke ihlaselwe ukusweleka kwamathuba emisebenzi, yimpilo ecikazayo, ukusweleka kwemfundo nokungabikho kwathemba mayelana nekusasa elingaba ngconywa.

UMbhishobhi oMkhulu, uSoBaba uTutu, osethathé umhlalaphansi (*Archbishop-emeritus Tutu*), uDkt uAlan Boesak noMfundisi uFrank Chikane kanye nabaningi abanye abaPhrofethi beQiniso, ababesebenza ikakhulukazi phansi kweNhlango yamaSonto aseNingizimu-Afrika (*South African Council of Churches [SACC]*) nakwezinye izinhlango zoMhlaba, bangaxoxa ngokucacile ngaleli banga emlandweni welakithi nangezikhathi ezalandela lapho ngoba babelokhu beqhubekile behola bekhuthaza umzabalazo kuzwelonke. Kwakungesikho-nje kuphela ukuthi babemi ngokungaphazamiseki bemelene nobandlululo nengcindezelo (*apartheid*), kwakufanele babuye bamelane nabathile kwabakholwayo

ababebelesele, bethi “iSonto nepolitiki akuhlangani”; lokho kwabenza bazithola bexozomiseka nxazonke: ngapha betshweleza ngabombuso wobandlululo nengcindezelo (*apartheid-state*, bese kuthi ngapha bebe begazingwa ngabathile kwabakholwayo emphakathini.

Amazwi kaMbhishobhi uTutu phambi kwesiGungu soPhenyo sikaEloff (*Eloff Commission*) ngowe-1982 ayisikhumbuzo sokuthi iNhlango yamaSonto aseNingizimu-Afrika (*South African Council of Churches [SACC]*) yayiwubona kanjani umkhankaso wenkululeko: “Ngizokhombisa ukuthi umsebenzi omkhulu uJesu ayebhekené nawo kwakuwukuveza ukubuyisana phakathi kukaSmakade nathi nasemphakathini phakathi kwalowo nalowo ngamunye ngamunye ... ngithathela ekuboneni kwethu ngokolwazi ngezenkolo nangokoMbhalo (*theological and scriptural base*), ngizocacisa ukuthi ubandlululo nengcindezelo (*iapartheid*), ukuthuthuka ngokwehlukene (*separate development*) noma-ke ngayiphi indlela lokho okubizwa ngakho, kuwububi obedlulele bedlulelisisa, kuphambene nenkolo ngokokuKhristu, kuphambene noMbhalo ... Uma kungaké kube khona ongangibonisa ukuthi ubandlululo nengcindezelo (*iapartheid*) kuhambisana noMbhalo noma kuhambisana nenkolo ngokokuKhristu, sengiké ngasho, ngiyaphinda futhi, ngiyolishisa ibhaybheli lami, ngiyeke phansi ukuba ngumKhristu!”

Ukuhambisana kwethu kusukela kowe-1983

Unyaka we-1983 ubaluleké kakhulu emlandweni welakithi ngoba ngalowo nyaka kwaphenjwa imbokodo kasofasilahlane (*united front*) kumelwene nobandlululo nengcindezelo (*apartheid*). NgoAgasti iUDF [*United Democratic Front*] yacandulwa; abaningi abaholi basemasontweni babasukuma baba ngabavikela (*patrons*) bayo, abanye bakhuthalela ekuyiqondiseni nasekuyiholeni.

Iningi kubaholi bakaKhongolose liyawazi uMbhalo weThuba-Nhlanhla (*Kairos-Dokument*) wangonyaka we-1985 owelanywa ngomunye owaziwa ngokuthi “iNdluzula: iThuba-Nhlanhla elisha” (“*Violence: the new Kairos*”) osekhona namanje eshashalazini lasemoyeni (*website*) lakwaKhongolose elithi: <http://www.anc.org.za/show.php?id=3961>

Lowo Mbhalo wangonyaka we-1985 uyisisekelo somsebenzi wobanjiswano i*Kairos Southern Africa* [iThuba-Nhlanhla eMzansi-Afrika]. Usaqhubeka ukuba ludondolo nenkuthazo ezimweni eziningi, njengasesemweni abenkolo yobuKhristu ababhekene naso kwelasePhalestina. Wawuhambé ibangana elithe xaxa lowo mbhalo, ungagcinanga-nje ngokudalula ukuthi ubandlululo nengcindezelo (*apartheid*) umbhedo odukisayo (*heresy*), umbhalo iThuba-Nhlanhla lowe-1985 (*Kairos-Dokument of 1985*) wacwaningisisa isimo samaSonto ngalezo zikhathi, wagqumezela ukuthi awakukhuthalele ngamandla ukumelana nobandlululo nengcindezelo (*apartheid*) ngokuthi athathe isinyathelo esisha, asebenze ngokolwazi kwezenkolo okungokobuphrofethi (*prophetic theology*).

Kwaba yiphutha-ke nokho ukuthi abaningi kwabenkolo yobuKhristu bathatha ngokuthi babizelwe-nje ukumelana nobandlululo nengcindezelo (*apartheid*), okwathi uma sekwedlule lokho, yasala phansi imizamo yabo yokupheza ukuphathwa ngokungalingani emphakathini nangokwezomnotho eNingizimu-Afrika.

Iningi labo lajika, laphindela endleleni enhlanhlathayo yolwazi ngokwezenkolo oluzizungezelela okwenkonzo nezikhundla ebandleni-nje (*church theology*); yadamba-ke intshisekelo, lancipha igalela labenkolo yobuKhristu abaphapheme sekuphenywa, kucandulwa iNingizimu-Afrika entsha.

Ukuhambisana kwethu kusukela ngowe-1994

Aké sibonisane ngezaba ezahlukene zolwazi ngokwezenkolo emzabalazweni (*theological responses*) eNingizimu-Afrika kusukela ngowe-1994: Ekulungiseleleni ukuphenywa komphakathi wombuso weningi, ongenalubandlululo ngokwebala nangokobulili, umphakathi onamalungelo alinganayo nonobulungiswa, abolwazi ngenzenkolo njengoCharles Villa-Vicencio baqala ukukhuluma ngesidingo solwazi kwezenkolo oluvuselelayo, lwakhe kabusha (*theology of reconstruction*); baze bayophatha okuthiwa 'yingalo emaphakathi' (*'middle axiom'*) okuchaza ukuthuthuka komphakathi, usuka ezingeni elithile, wedlulela kwelinye, uholwa 'ngamandla enguquko aqukethwe yivangeli', okuvamé-ke kodwa ukuba ngaphezulu kunakho konke noma yimuphi umphakathi ongaké ukwazi ukukwenza nanoma yisiphi isikhathi. Kulokho-ke abanye babaholi bamabandle enkolo bathatha izikhundla kuhulumeni, baba yingxenye yobanjiswano lokuguqula nokucandula kabusha umphakathi kwelakithi.

Ezifundweni nasemihlanganweni yabolwazi ngezenkolo kwavama ngaphambi kokhetho lombuso wentando yeningi ngowe-1994 ukuboniswana ngemiqondo efana 'nobanjiswano okwempi yomndeni' (*'critical solidarity'*) mayelana nohulumeni embusweni wentando yeningi, eqinisweni kodwa iningi lezikhuthali kwabamasonto zavele zapenduka 'oSoyibon' ivuthiwe abagxeka beziqhelisa' (*'critical distance'*) embusweni wentando yeningi, okwabaphendula 'abaphrofethi ehlane' (*'wilderness prophets'*) ababeqondisa izwi elishaya emhlohlweni kwabaphethe (*'speaking truth to power'*) okwakuyizaba ezaziphelela ezeni-nje.

Abadala kubaholi bakaKhongolose njengoNelson Mandela amaSonto bebewathatha njengabahlobo (*'partners'*) emzabalazweni wokuvuselela nokwakha kabusha umphakathi weNingizimu-Afrika ngokufanayo njengokuhlobana okwakukhona phakathi kwabamaSonto nabomshungu wenkululeko kuyoketulwa umbuso wobandlululo nengcindezelo (*apartheid-system*). NgokukaMadiba kukhona amaphuzu ekuvuseleleni nasekwakheni kabusha umphakathi awabiza ngokuthi 'yimvuselelo nokwakhiwa kabusha kompefumulo' (*'RDP of the soul'*) ayethi ngabamaSonto okufanele babhekane nawo, lokho-ke okwaholela ekuphenjweni kweShashalazi labaHoli kwezeNkolo kuZwe-lonke (*National Religious Leaders' Forum*).

UMBeki, owalandela uMandela, waliphendula [lelo Shashalazi] walenze isiGungu sokuSebenza sangabaKholwayo (*Religious Working Group*), besebenzisana nohulumeni njengoba enze njalo nakwabamabhizinisi, nabesomsebenzi, nentsha, nabesifazane, njalo, njalo.

Kwazanywa ukuthuthukisa uHlelo lokuKhuthaza ukwaZisa iSimilo nobuQotho (*Moral Regeneration Programme*) olwaluholwa ngowayeyiSekela likaMongameli kaZwe-lonke uJacob Zuma. Abanye bakuxwaya konke lokho, benqena ukuthi kuyogcina

kuvezé inqubo ngokolwazi kwezenkolo esebenzela isetshenziswe nguhumulumeni-nje (*state theology*).

Muva nje-ke sekuklonyeliswa abaxhasa uKhongolose ikakhulukazi ngezikhathi zokhetho, lokho-ke okuhambisana nale nqubo ngokolwazi kwezenkolo esebenzela isetshenziswe nguhumulumeni-nje (*state theology*) lapho abanye kubaholi babamaSonto sebesebenzela iqembu lombusazwe (*at the service of the party*) esikhundleni sokusebenzela umphakathi.

Zehlukene izindlela esizithathile [kusukela ngowe-1994]: Nòma abaningi bethu basihlangabeza isimo esisha ngendlela efana 'nobanjiswano okwempi yomndeni' (*'critical solidarity'*) mayelana nohulumeni embusweni wentando yeningi, sesihambé sahamba sagcina sibonile ukuthi abampofu nabahluphekayo kanye nababandlululwayo emphakathini yibona okufanele singalokothi sichezuke ekubambaneni nabo - [ilapho inkonzo esibizelwe yona].

Njengoba isiqubulo esithi akuqondiswe izwi elishaya emhlohleni kwabaphethe (*'speaking truth to power'*) saké saba sematheni phakathi kwethu, sesibona manje kufanele kakhulu ukuthi siqondise izwi elishaya emhlohleni, sihlube udlubu ekhasini, emphakathini (*'speaking truth to people'*), singene, sisebenze ezinhlanganweni zomphakathi ngoba abaphethe abejwayele ukuthinteka nokulemukela izwi eliqondiswe kubo. Sethemba ukuthi iphimbo labo lobubhongoza (*language of 'power'*) lingaguquka libe ukukhulumisana [ngokwazisana] kusetshenziswana (*language of 'service'*), nòma sidumele-nje ukuthi akukenzeki lokho ezimweni eziningi.

Ekuweleleni kwethu noKhongolose ekhulwini lesibili leminyaka emlandweni wakhe, sethemba ukuthi uKhongolose uyokwazisa ukuthi abeSonto abadudana neqembu lezombusazwe noma nababusi lingesize ngalutho ekufezeni imigomo okubhekenwe nayo. INguquko kaZwe-lonke kuBuswe ngeNtando yeNingi (*iNational Democratic Revolution, NDR*) idinga amazwi ashaya emhlohleni nakhayo emphakathini ukuze zichume nezaba zokufinyelela emigomweni emisiwe ikakhulukazi ngoba kunobuthaka obandile bokuthanda ukudala uqhekeko nokuzigwabhela lowo nalowo kwesakhe okuphambene nezimfanelo zomphakathi, ikakhulukazi zabampofu.

I-*"church-theology"*, le ndlela enhlanhlathayo yolwazi ngokwezenkolo, ezizungezelela-nje okwenkonzo nezikhundla ebandleni, okuyiyona eyandile kwabankolo yobuKhristu namuhla, mhlawumbe izothi akudingekile ukuthi siyinake nokuyinaka-nje eyokuthi uKhongolose uhlanganisa owekhulu abakhona. Ifuna ukuthi amakholwa azikhiphe kokwenzekayo (*be 'neutral'*), agxile ekushumayeleni ivangeli; bazokubona kungadingekile lokhu esikwenzayo. Siyayenqaba le ndlela ye*church-theology* ngoba asikwazi ukwehlukana inkolo nobukholwa bethu empilweni nakukho konke okunye esiyikho. Lo mzamo wabo wobunqikanqika bamasu-mabili (*dualism*) yimbambezela-nje efanele ukwenqatshwa yiwo wonke okholwayo.

I-*"prophetic theology"*, okuyinqubo ngokwezenkolo ephakamisa izwi elishaya emhlohleni, kukhulunywe kuhlutshwe udlubu ekhasini, ishisekele ubanjiswano

kokutshenzelwana nabampofu nabahluphekayo nababandlululwayo emphakathini ngoba kulapho noJesu ekhona. Le nqubo intshumayelo nemikhuleko yayi iqondé emphakathini (*'speaking truth to people'*) ngoba yiyona ndlela leyo esiyokhululeka ngayo sonke. Lelo qiniso liyoqhubeka ukusikhuthaze ukumelana nejwayezi lokulithathela phansi nokungalinaki izwi labampofu okuziyimfanelo zabo namuhla osekubizwabizwa-nje ngokuthi “ukugunyazwa” (*“entitlement”*).

Ngomoya wobuphrofethi kaJesu Khristu nangomoya wothando kufanele kuhloliswe kuphindelelwa ukugunyazwa kwabacebileyo nabaphethe (*entitlement of the rich, the powerful*) nabasebenzisana nabo, ngoba yibona konke okuhamba ngendlela yabo eNingizimu-Afrika namuhla.

Ahlabayo, nasolayo nakhayo njengokobufundisi

AbamaSonto babuqondisisa kahle ubunzima neziselelo ababhekene nazo abakuhulumeni.

Ngokufanayo nabaphethe, abamaSonto - ikakhulukazi abaphathi bakhona - nabo akusho ukuthi abazazi izilingo zokuzicebisa [ngokwezikhwepha zabanye] nobuthaka obugcina bubucekelé phansi ukwaziseka nokukwazi ukwenza okufanele nokuvumelekile. Yingakho nje-ke sikhuluma siqondisé eqenjini eliphethe umbuso nakubo bonke ababusayo nabasezikhundleni, sikhulumisa okomelusi njengoba nathi sizazela ngobunjalo nangobuthaka bendalo.

